# UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG
# UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lesithathu)**

## ISIGABA A
## UMBUZO 1

### 1. UHLAKA LOKUMAKA INDABA

| Inkomba Yokufeziwe | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|
| 1..1 .Isakhiwo [10] | | | |
| (1) Isingeniso [1] | 1 | 1 | 0 |
| (11) Umzimba [4] | 3 - 4 | 2 - 3 | 0 - 1 |
| (111 Isiphetho [1] | 1 | 1 | 0 |
| (1v)Ukuthelelana kwezigaba [4] | 3 - 4 | 2 - 3 | 0 - 1 |
| 1.2 Okuqukethwe [15] | 11 - 15 | 6 - 10 | 2-5 |
| 1.3 Ulimi [10] | 8-10 | 5-7 | 2-4 |
| 1.4 Isitayela [5] | 5 | 3-4 | 1-2 |
| ISAMBA | [40] | [27] | [13] |

**[40]**

## ISIGABA B
## UMBUZO 2

### 2.1 UHLAKA LOKUMAKA INCWADI YAKOMKHULU / YASEMTHETHWENI

| Inkomba Yokufeziwe | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|
| 1. .Isakhiwo [10] | | | |
| (i) Ikheli Lokuqala [2] | 2 | 2 | 0 |
| (ii) Ikheli Lesibili [2] | 2 | 2 | 0 |
| (iii) Isivaleliso [2] | 2 | 2 | 0 |
| (iv) Izigaba [4] | 4 | 3 | 1 |
| 2. Okuqukethwe [6] | 5-6 | 3-4 | 1-2 |
| 3. Ulimi [4] | 4 | 3 | 1 |
| ISAMBA SAMAMAKI | [20] | [16] | [4] |

**[20]**

**2.2 UHLAKA LOKUMAKA INCWADI YOBUNGANI / YOBUHLOBO**

| Inkomba Yokufeziwe | | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|---|
| 1. ISAKHIWO | [9] | | | |
| (i) Ikheli | [4] | 4 | 3 | 1 |
| (ii) Isivaleliso | [2] | 2 | 2 | 0 |
| (iii) Inani Lamagama | [3] | 3 | 2 | 1 |
| 2. Okuqukethwe | [6] | 5-6 | 3-4 | 1-2 |
| 3. ULIMI | [5] | 4-5 | 2-3 | 1 |
| ISAMBA SAMAMAKI | | [20] | [14] | [6] |

**[20]**

**UMBUZO 3**

**3.1 UHLAKA LOKUMAKA AMAMINITHI OMHLANGANO**

| Inkomba Yokufeziwe | | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|---|
| 1. ISAKHIWO | [10] | | | |
| (i) Igama Lenhlangano | [1] | 1 | 1 | 0 |
| (ii) Uhlobo Lomhlangano | [1] | 1 | 1 | 0 |
| (iii) Usuku, isikhathi, Indawo | [1] | 1 | 1 | 0 |
| (iv) Ukuvula | [1] | 1 | 1 | 0 |
| (v) Ababekhona/Abaxolisile | [1] | 1 | 1 | 0 |
| (vi) Izihlokwana Ezidingidiwe | [1] | 1 | 1 | 0 |
| (vii) Eziphonselwe | [1] | 1 | 1 | 0 |
| (viii) Inani lamagama | [4] | 4 | 3 | 1 |
| 2. OKUQUKETHWE | [4] | 4 | 3 | 1 |
| 3. ULIMI | [5] | 5 | 3 | 2 |
| ISAMBA SAMAMAKI | | [20] | [16] | [4] |

**[20]**

**3.2 UHLAKA LOKUMAKA IMEMORANDAMU**

| Inkomba Yokufeziwe | | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|---|
| 1. ISAKHIWO | [10] | | | |
| (i) Igama Lenhlangano | [1] | 1 | 1 | 0 |
| (ii) Ivela ku... | [1] | 1 | 1 | 0 |
| (iii) Iya ku... | [1] | 1 | 1 | 0 |
| (iv) Usuku | [1] | 1 | 1 | 0 |
| (v) Isihloko Sememorandamu | [1] | 1 | 1 | 0 |
| (vi) Inani Lamagama | [4] | 4 | 3 | 1 |
| 2. OKUQUKETHWE | [6] | 5-6 | 3-4 | 1-2 |
| 3. ULIMI | [5] | 4-5 | 2-3 | 1 |
| ISAMBA SAMAMAKI | | [20] | [15] | [5] |

**[20]**

## UMBUZO 4

### 4.1 UHLAKA LOKUMAKA IKHARIKHULAMU VITHEYI / NESIKHANGISI

| Inkomba Yokufeziwe | | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|---|
| 1. ISAKHIWO | [3] | 3 | 2 | 1 |
| 2. OKUQUKETHWE | [5] | 5 | 3 | 2 |
| 3. ULIMI | [2] | 2 | 1 | 0 |
| | | [10] | [6] | [3] |

[10]

### 4.2 UHLAKA LOKUMAKA ISIHLANZAMAGAMA (IFEKISI)

| Inkomba Yokufeziwe | | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|---|
| 1. ISAKHIWO | [3] | 3 | 2 | 1 |
| 2. OKUQUKETHWE | [5] | 5 | 3 | 2 |
| 3. ULIMI | [2] | 2 | 1 | 0 |
| | | [10] | [6] | [3] |

[10]

## ISIGABA C

## UMBUZO 5

*Inkosi yinkosi ngabantu* – **C.T. Msimang**

5.1.1 (a) Sisuke sifuna ukuthola injulalwazi noma ifilosofi kaZulu wakuthangi. (1)

(b) Sifuna ukwazi ukuthi babecabangani ngomhlaba ababehlala kuwo. (1)

(c) Sifuna ukwazi ukuthi izinto ezenzeka kubo nasezizukulwaneni babezihumusha kanjani. (1)

5.1.2 Izangelo, imilolozelo, izilandelo, imilozi, izibongo, izithakazelo, amahubo, iziqubulo (ezintathu kuphela) (3)

5.1.3 Izibongo yinkondlo yokutusa noma inkondlo echaza ubunjalo balowo obongwayo (2)

5.1.4 (a) Inganeko (1)

(b) Umzekeliso (1)

5.1.5 Inabalingiswa abayizilwane kanye nabantu. Ziyakhuluma futhi zenzisa okwabantu. Ichaza ukuthi umkhuba othile wavela kanjani. (ubutha phakathi kwenja nekati) Iyasikitaza kanti futhi iyasifundisa. (5)

5.1.6 (a) Ukuyala / ukwexwayisa. (1)

(b) Ukusongela. (1)

(c) Ukukhuthaza. (1)

(d) Ukweneka isimo esithile. (1)

5.1.7 (a) Isisho kasiwethuli amaqiniso angephikiswe, isaga sona siyanemba. (1)

(b) Isaga siwumusho ophelele, isisho kasiwona umusho ophelele. (1)

(c) Isaga singesithule ngendlela esabizo, isisho sona singasethula ngendlela esabizo. (1)

5.1.8 Isiphicaphicwano wumbuzo onemfumbe okumele lowo obuzwayo aqagele ukuthi imfumbe leyo iyini. (2)

5.1.9 (a) Ukuthokozisa. (1)
(b) Ukunyakazisa umqondo. (1)
(c) Ukuthuthukisa ulimi. (1)
(d) Zinikeza izingane ithuba lokufunda ngamasiko nemithetho yesizwe, abadala bathola ithuba lokuba bade bezikhuza izingane. (1)

5.1.10 Ziningi izibonelo ezizovela njengalezi:

(a) Ameva ayabangulana. (1)
(b) Inkovu iphuma ethangeni. (1)
(c) Liwashaya evuthiwe. (ezimbili kuphela)

**[30]**

**NOMA**

5.2 5.2.1 (a) Isakhiwo: Le nganekwane iqala ngokuthi 'Kwesukesukela, abalalele bona bazothi "Cosu." Esingenisweni sithola ukuthi izinto zihamba kahle isimo sinokuthula: nayo phela inkosikazi iyikholwa elinguMkrestu, inomntwana oyedwa osemncane futhi iyawazi nomyalelo othi. "Khumbula usuku lweSabatha ulugcine lube ngcwele." Kule nganekwane lesi simo siyaphazamiseka ngokuthi inkosikazi le ihambe iyotheza.

UNkulunkulu anqume ukuyijezisa ngalesi senzo. Lokhu kwenza ukuba sibe nomdlandla wokufunda ukuze sithole ukuthi isimo sizobuyela yini endaweni yaso enokuthula. Ihamba ize ifike kuvuthondaba. Iphetha ngokuthi cosu, cosu, iyaphela. (12)

(b) Abalingiswa: Le nkosikazi nengane abalingiswa abangabantu. Abagaguliwe ngamagama ngaphandle kwakhe uNkulunkulu. Azikho nokho izinto ezenziwayo ezingakholeki, ngaphandle kwakho ukunamathela kwenkosikazi enyangeni. UNkulunkulu ungumlingiswa ongaguquki kanye nayo inkosikazi lena. UNkulunkulu siyazi ukuthi unamandla okwenza noma yini. (9)

(c) Indikimba / isifundo: (Inhlonipho) Sifunda ukuthi umuntu owedelelayo uyajeziswa. Lapha inkosikazi yeqe umthetho kaNkulunkulu yahamba yayotheza ngosuku lweSabatha. Lokho kwenze ukuba uNkulunkulu ayijezise. Isifundo asibekiwe obala, kodwa sisithola khona enganekwaneni. (9)

**[30]**

**NOMA**

## UMBUZO 6

***Umlabalala* – OEHM Nxumalo**

6.1 6.1.1 Isikhala sokufundela ubuthishela. (1)

6.1.2 Balibangise eKhanya Njalo College ukuyokuzwa ukuthi isicelo somfana wakhe sokufundela ubuthishela samukelwe yini. (3)

6.1.3 NguMnumzane uZwane, ungumphathi wesikole lapho bekufunda khona uMdenjana. (2)

6.1.4 Wabe engumfana oziphethe kahle. (2)

6.1.5 Isiphetho siyingwijikhwebu. Lapha sithola uMtshali enikezwa incwadi yezincomo okungeyona ekaMdenjana. Unikezwa ekaMelusi owabe engumfana oziphethe kabi kuyamthukuthelisa lokhu uMtshali, kuthe lapho esevalelisa kwase kuyavela ukuthi ubenikezwe incwadi engeyona eyomfana wakhe. Eyomfana wakhe yabe imncoma futhi ikhuluma kahle ngaye (uMdenjana). (6)

6.1.6 NguMalinga. (1)
**[15]**

6.1.7 Labe likhalela indodana yalo ebulewe. (2)

6.1.8 Wabulawa nguJoel, owayethandana noMaMdunge. Wamdubula ekhanda ngenkathi uDaluxolo ehlangana naye emzini wakhe ephasejini. (4)

6.1.9 Ukuthi umuntu lona omdubulile wabe engene kanjani endlini, ngoba nakhu phela akukho fasitela eliphukile futhi akugqekeziwe. (2)

6.1.10 Nokuthula Mdunge. (2)

6.1.11 Wayevakashele umngane wakhe eLamontville. (2)

6.1.12 Lanquma ukukhipha umklomelo ozonikezwa lowo ongasiza ngomkhondo wombulali. (2)

6.1.13 Wayeya emhlanganweni. (1)
**[15]**

**[30]**

6.2 <u>Isigameko esisodwa</u>

Lapha sithola kudingidwa isigameko esisodwa, ukudalulwa kukaXolani ukuthi uyimpimpi. Kuchazwa ukusukela ekuqaleni komhlangano kuze kufike lapho ejeziswa khona. Azikho ezinye izigameko ezingadingeki eziveziwe. (8)

Ukuqoqana

Umbhali uzamile ukonga amagama ngoba phela ukhuluma ngesigameko esisodwa. Uma iqala indaba sethulelwa isimo senhlalo, abalingiswa kanye nenkinga ababhekene nayo. (6)

Isikhathi nendawo

Yenzeka esikhathini esiwusuku futhi endaweni eqoqekile. Lapha sithola kubanjwe umhlangano, impimpi yona ijeziswa ngokujikeleziswa lonke ilokishi. (5)

Abalingiswa: Kuvezwe kuphela labo ababalulekile: USokhele, uKhumbulani, uXolani noMphemba. (5)

Isiphetho: Siyingwijikhwebu noma asilindelekanga. Besicabanga ukuthi uXolani uyimpimpi ngempela nakhu phela isiqophamazwi sitholakele esikhwameni sakhe. Kuvela ekugcineni ukuthi besifakwe nguKhumbulani. (6)

**[30]**

**[120]**